

PRAYER FOR THIS WEEK

Umkhuleko weViki

Nkulunkulu baba, wathumela indondada yakho eyodwa ukuba ize eMhlabeni ukuzosisindisa nokuba izosinakekela ngothando. Ngokuyilandela, sengathi ukholo lwethu lungavuthiswa ngokulalela, nangezenzo zothando.

Amen



Thola kafushane Imibhalo EyiNgcwele Yansuku zonke

Isonto	24 October	KwabaseGalathiya 5:	6
UmSombulu	25 October	KwabaseRoma 10:	3 - 17
UlweSibili:	26 October	NgokuJohane 10:	27
UlweSithathu	27 October	Izenzo 2:	41 - 42
UlweSine	28 October	Ulsaya 6:	8
UlwesiHlanu	29 October	NgokukwMathewu 24:	14
UmQqibelo	30 October	Izaga 10:	17

AMALUNGISELELO ENGQUNGQUTHELA KWISIFUNDABHISHOBHI ESIKHULU SASETHEKWINI



ISONTO 2

UMGOMO

Umkhuleko weNgqungquthela ISinodi:
adsumus Sancte Spiritus "Simi Phambi Kwakho,
Moya Ocwebileyo"

Yonke imibubatho ya-Vatican wesibili iqala ngomukhuleko othi adsumus Sancte Spirit, okungamazwi okuqala esiLathini, okusho ukuthi, "Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo", okungumlando osetshenziswa kwimikhandlu, amaSinodi kanye nako kunye ukuhlengana kweBandla iminyaka engamakhulukhulu eyedlule, ibhekiswe ku-Santa Isidore wase Sevilla (c. 560-4 April 636), Njengoba silungiselela le-Sinodi, lomkhuleko umema uMoya Ocwebileyo ukuba usebenze kithina ukuze sibe umphakathi nabantu abanothando. Masi zibophezele ekukhulekeni lomkhuleko zonke izinsuku.

SYNOD PRAYER

Simi phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo,
Njengoba sihlangene egameni Lakho.
Sinawe uqobo
ukuba
usiqaphe,
Zizwe
usekhaya
ezinhliziyweni
zethu;
Sifundise indlela okumele siyihambe
Nokuba sizoyihamba kanjani,
Sinteke-nteke futhi sigcwele ukona;
Ungasenzi ukuba sikhuthaze okungalungile.
Ungasenzi ukuba ukunganaki kwethu kusiholele
endleleni engalungile
Nokuthi kubekhona okusenzisa kona.
Asithole Kuwe ubunye bethu
Ukuze sihambe nawe empilweni yaphakade
Singaphambuki
endleleni yeqiniso
Nakulokho
okulungile.
Konke lokhu sikucela Kuwe
Wena ohlala usebenza kuzo zonke izindawo
nesikhathi,
Ekuhlanganyeleni noYise
beneNdodana, ngezikhathi zonke
Amen.

UMGOMO

Reflection for the week

Umsebenzi oseqhulwini webandla ukwandisa uMbuso kaNkululunkul obonakala ngezenzo zokulunga, nobulungiswa kanye nokuthula. umnyombo womsebenzi weBandla ukunakekela bonke abantu okwakhelwe phezu kwenkolelo yokuthi wonke umuntu wakhiwe ngofanekiso kaNkulunkulu. Njengebandla labakholwa kuKristo, liholwa nguMoya Ocwebileyo, iBandla lisebenzela ukupheleliswa kokuza kombuso kaNkulunkulu, ngokunakekela abantu, nemvelo, kanye nokulalela izwi labantulayo ngezigaba zabo.

Ukulalela, kuyesinye sezikhali zokusabalalisa iVangeli, Ibandla lisimema sonke ukuba silalele isimemo sikaNkululunkulu, siphinde silalelane njengabantwana baNkulunkulu. *“Bheka Ngimi ngasemnyango ngigqogqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.”* (Isambulo 3:20). Ngokubizwa Ngu Krestu ukuba silalale siphinde siqonde (Mt 15:10), Sisendleleni kanyekanye singamakrestu, siyimindeni, silalela uNkulunkulu ekhuluma nathi ngezintshumayelo, nangemibhalo eyingcwele, nangamaSacramente kanye nangabanye abantu.

